Izeluleko ngokukhetha amabhuku

Ungadlala indima ebalulekile ekusizeni izingane zakho ukukhetha amabhuku azokwenza ukuthi 'zihuheke' ekufundeni kanye nasekuxoxeni izindaba. Nazi ezinye izeluleko zokukusiza. Zama iseluleko esisodwa ngesikhathi. Bheka ukuthi yisiphi esisebenza kangcono kuwe nezingane zakho.

Sebenzisa ulimi lwasekhaya

Amabhuku ezinsana kanye nezingane ezingakaqali isikole kumele abe ngezilimi zasekhaya. Zama ukuhumusha amabhuku anamagama ambalwa, angashicilelwanga ngolimi lwasekhaya oludingayo. Zama ukuthola amabhuku ezingane ezindadlana ngolimi lwazo lwasekhaya ngoba ukufunda ngolimi lwasekhaya kugxilisa ukuthanda ukufunda, ulwazi kanye nokufakela ugqozi lokuqhubeka nokufunda.

Amabhuku ezinsana kanye nezingane ezisacathulayo

Izinsana zithanda izithombe zemibala egqamile kanye nezithombe noma izithombe zabantu futhi ezinemibhalo elula, kanti futhi zithanda ukuzwa ulimi lwamagama ahambisana nezigqi, kanye nokulalela amagama aphinda-phindwayo kanye nahambisana nezigqi. Amabhuku okuqala abandakanya izinyathelo ezihambisana nokushaya izandla kanye nokunqakuzisa ikhanda, avamise ukuthandwa zingane ezisakhasayo. Zama ukuthola amabhuku anamakhava aqinile noma ezindwangu ngoba noma ehlafunwa zingane awadabuki kalula kanye nokuklebhuka!

Izigqi nokuvumelana kwamagama

Izingane ezincane zijabulela amabhuku alolozelayo, umdlalo ngamagama kanye namagama avumelana nezigqi. Kanti futhi zijabulela namabhuku lapho khona imibhalo enamagama avumelana nezigqi, noma anemisho ephinda-phindayo.

Izithombe kuphela

Amabhuku angenamagama awusizo olukhulu ngoba uthola ithuba lokuxoxa indaba oziqambela yona nezingane zakho kanti nazo zingaqamba izindaba zazo. Amabhuku angenamagama awumthombo wosizo omkhulu kwisimo lapho kusetshenziswa izilimi eziningi, nezingane kanye nabantu abadala abakhuluma izilimi ezehlukene.

Izinto ezaziwayo nezintsha

Khetha amabhuku akhombisa izinto ezaziwa zingane zakho – isibonelo, amabhuku anezindlu ezifana nezazo kanti futhi lapho indaba eyenza ukuthi zibheke izinto ezimpilweni ezizaziyo zansuku zonke noma ezivamise ukuhlangana nazo. Khetha amanye amabhuku ukuze izingane zakho zifune ukwazi nokufunda izinto ezintsha. Amanye alamabhuku angaba zinganekwane, izindaba ezivela kwamanye amazwe noma ezinye izindawo namasiko ahlukene noma izindaba eziyisimanga.

Ukufunda nezingane ezindala

Ngisho nezingane ezindala ezikwazi ukuzifundela

ngokwazo ziyathanda ukufundelwa. Ukufunda ngezwi eliphezulu kusho ukukhetha izindaba eziyisixaka-xaka ngolimi kanye nokuhleleka kwendaba ezingajwayele ukuzifundela zona. Amanye angaba maqondana nezihloko ezinzima noma ezithanda ukuxaka. Kungcono ukushintsha-shintsha amabhuku owakhethayo ezingazifundela wona zona noma ezingakufundela wona; amabhuku eningawafunda nonke kanye namabhuku wena ongazifundela wona.

Ukushintsha-shintsha kwenza izinto zibe mnandi

Khuthaza izingane ukuzama amabhuku ahlukene – ezindaba zesikole, izindaba zesibhaka-bhaka, izindaba zomndeni kanye nezindaba zobungani, izindaba zemvelo, kanye nezindaba ngomlandu kanye nalezo ezikhuluma ngamaqhawe namaqhawekazi, kanye nabasingamazwe nezindawo, izindaba ezimaqondana nezigigaba ezingavamile, izindaba zobuqambi, zemilingo kanye nezimanga eziyimfihlo.

Ukubhekana nezinselele zempilo

Amabhuku ezithombe kanye namanoveli amaqondana nezinto ezenzekile noma ezenzekayo ezimpilweni zezingane – ezifana nokuzalwa kwabafowabo noma odadewabo, ukuhlukana kwabazali noma izinselele zabangani – angasiza izingane ukuqondisisa imizwa yazo kanye nokubhekana nezinto ezizibangela ukwesaba. Amanye amabhuku angasiza wena ukuthi ubhekane nezihloko ezibangela amahloni noma izinto abantu abangakhululeki okuxoxa ngazo, ezifana nocansi, ukugula kanye nokufa.

Ukufundela ukuthola ulwazi

Amabhuku anolwazi akuwona awezingane ezindadlana nje kuphela. Kukhona amabhuku anolwazi olufanele kwizingane ezingakaqali isikole. Amabhuku anamaqiniso nolwazi avuselela uthando lwezingane lokufuna ukwazi kanye nokumangala ngemvelo kanye nomumo womhlaba esiphila kuwo. Ukufunda ngezindaba zempilo yabantu ababebambe iqhaza kumlandu, ezepolitiki, ezobuciko, umculo, i-theatre, ezemithi nokwelapha kanye nesayense, kungaba yizinto ezifakela abantu abasha ugqozi lokuthungatha ulwazi ngokuthi impilo imaqondana nani. Kule nqubo, izingane zinabisa ulwazi lwazo kanye nokuqonda kwazo kanye nokufunda ukuthi ngabe ulwazi lutholakala kuphi futhi kanjani.

Yenza ucwaningo

Buza kusolayibhrari kwilayibhrari yendawo ngokuthi ngabe yibaphi ababhali izingane ezivamise ukuthokozela imibhalo yabo. Babuze futhi nangamabhuku ngolimi noma izilimi ozifunayo. Sesha kwi-Inthanethi noma elayibhrari ngamabhuku awine imiklomelo, ezinganekwane zase-Afrika kanye nakumazwe omhlaba.